PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

BEKA UVO LWAKHO

UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Ukwabiwa Kwemali Engenayo Kahulumeni [B29 – 2026]
UMthethosivivinywa Wesabelomali Olungisiwe [B30 – 2026]
UMthethosivivinywa Wesabelomali Okhethekile (Unyaka Wezimali we-2026/27) [B31 – 2026]

Isimemo Sokulethwa Kwemibono Neziphakamiso Zomphakathi

IKomidi loMkhandlu kaZwelonke weziFundazwe elibhekele Isabelomali limema ababambiqhaza kanye nabo bonke abathintekayo nabanentshisekelo ukuba balethe iziphakamiso ezibhaliwe mayelana neSitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Saphakathi Nonyaka kowezi-2026 (MTBPS), esethulwe ePhalamende mhla zingama-21 kuMfumfu wezi-2026.

UNgqongqoshe Wezezimali wethule i-MTBPS yowezi-2026, ehlanganisa uMthethosivivinywa Wokuchibiyela Ukwabiwa Kwemali Engenayo Kahulumeni, uMthethosivivinywa Wesabelomali Olungisiwe kanye noMthethosivivinywa Wesabelomali Okhethekile Wonyaka Wezimali yowezi-2026/27, ngokuhambisana nezigaba 6(1) nesigaba 12 soMthetho Wemithethosivivinywa Yezimali Nezindaba Ezihlobene Nazo, uMthetho No. 9 wezi-2009 (UMthetho). Ngokwalo Mthetho, amaKomidi Ezabelomali ePhalamende Likazwelonke kanye noMkhandlu kaZwelonke weziFundazwe kudingeka ukuba acubungule futhi ethule imibiko mayelana nalezi zindaba ezilandelayo:

- izinto ezibekwe eqhulwini nguhulumeni kazwelonke mayelana nokusetshenziswa kwemali eminyakeni emithathu ezayo;
- ukwabiwa kwemali engenayo okuhlongozwayo phakathi kwemikhakha kahulumeni kanye naphakathi kwezinhlaka zikahulumeni emkhakheni ngamunye eminyakeni emithathu ezayo; kanye
- nezinguquko ezinkulu ezihlongozwayo, uma zikhona, kwizibonelelo ezinemibandela ezabelwa ohulumeni bezifundazwe nohulumeni basekhaya.

Imihlangano yomphakathi eqhutshwa ngezobuchwepheshe izobanjwa kanje:

UMthethosivivinywa Wokuchibiyela Ukwabiwa Kwemali Engenayo Kahulumeni [B29 – 2026]

- NgoLwesihlanu, mhla zingama-20 kuLwezi wezi-2026. Iziphakamiso ezibhaliwe kanye/noma isaziso esibonisa inhloso yakho yokwenza isethulo ngomlomo kumele zitholakale ungakadluli u-16:00 ngoLwesibili, mhla ziyi-17 kuLwezi wezi-2026.

UMthethosivivinywa Wesabelomali Olungisiwe [B30 – 2026] kanye noMthethosivivinywa Wesabelomali Okhethekile (Unyaka Wezimali wezi-2026/27) [B31 – 2026]

- NgoLwesithathu, mhla zi-2 kuZibandlela wezi-2026. Iziphakamiso ezibhaliwe kanye/noma isaziso esibonisa inhloso yakho yokwenza isethulo ngomlomo kumele zitholakale ungakadluli u-16:00 ngoMsombuluko, mhla zingama-30 kuLwezi wezi-2026.

Iziphakamiso kumele zithunyelwe koNobhala Bamakomidi, uMnu. L Nodada kuleli kheli le-imeyili: **Lnodada@parliament.gov.za** (083 412 1526) kanye noNkz. E Grunewald kuleli kheli le-imeyili: **egrunewald@parliament.gov.za** (071 363 2257).

Amakhophi oMthethosivivinywa Wokuchibiyela Ukwabiwa Kwemali Engenayo Kahulumeni [B29 – 2026], uMthethosivivinywa Wezesabelomali Olungisiwe[B30 – 2026] kanye noMthethosivivinywa Wesabelomali Okhethekile (Unyaka Wezimali wezi-2026/27)[B31 – 2026] ayatholakala ku-**www.parliament.gov.za** naku-**www.treasury.gov.za.**

Sikhutjhwe ngumHlonitjhwa TI Legwase, iLunga lePalamende, uSihlalo: weKomidi eKhethekileko yezokwAbiwa kweeMali (umKhandlu weNarha oNgamele iimFunda).

ISIZULU